



UMNYANGO: WEZOKUPHATHWA KWEMISEBENZI KAHULUMENI ERIPHABHLIKHI YASENINGIZIMU AFRIKA

Inkulumo eyabelwe imizuzu emihlanu (5)

Ingqikithi:

Ukubingelela

- Mqondisi Wohlelo
- Umhlonishwa u-*Silvio Luiz de Almedia*, uNgqongqoshe Wamalungelo Abantu kanye Nezakhamuzi eRiphabliki yase-*Brazil*
- Umhlonishwa u-*Anielle Franco da Silva*, uNgqongqoshe Wezokulingana Ngokobuhlanga, eRiphabliki yase-*Brazil*
- Umhlonishwa u-*Monica Mutsvangwa*, uNgqongqoshe Wezindaba Zabesifazane, Amabhizinisi Amancane Naphakathi Omphakathi eZweni laseZimbabwe.
- Nabo bonke oNgqongqoshe Nezicukuthwane ezikhona.

Ngo-1974, iNhlango Yamazwe Ahlangene yamukela iNgqungquthela Yamazwe Ngamazwe elwisana Nokucindezelwa Nobugebengu Bobandlululo eyamemezela izinqubomgomo ezimayelana nobuhlanga ngaphansi kobandlululo njengobugebengu obubhekiswe esintwini. ENingizimu Afrika, ukubandlulula nokucwasa ngokobuhlanga kuyizihlangothi ezimbili zohlamvu lwemali olulodwa njengoba izimpande zakho zijulile ekwakhweni komnotho, intuthuko kanye nayo yonke iminxa yomphakathi.

Ukuzuza intando yeningi ngo-1994 akubanga nje kuphela yindlela “uHulumeni Wonke” aqeda ngayo umbhidlango wobandlululo nokucwasa, kodwa kwadala uguquko lomphakathi wonkana. Lokhu kufakazelwa Yisethulo SoMthethosisekelo WeRiphabhulikhi ezeva lokhu uma ngicaphuna:

- Thina, singabantu baseNingizimu Afrika,
- Siyakwazisa ukungalingani kwesikhathi esedlule;

- Siyabahlonipha labo abalwela ubulungiswa nenkululeko ezweni lethu;
- Sihlonipha labo abasebenzele ukwakha nokuthuthukisa izwe lethu; futhi
- Sikholwa ukuthi iNingizimu Afrika ngeyabo bonke abahlala kuyo, futhi sibumbene ngokwehlukahlukana kwethu.

Ekufakazeleni lokhu, iSahluko 9 no 10 soMthethosisekelo siyalela ukuba uHulumeni asungule izikhungo ezizimele ukuze zisekele intando yeningi ngaphansi koMthethosisekelo. Lokhu kubandakanya:

- Umvikeli Womphakathi
- IKhomishana Yamalungelo Esintu eNingizimu Afrika
- Ikhomishana Yokukhuthazwa Nokuvikelwa Kwamalungelo Amasiko, Ezenkolo kanye Nezilimi Zomphakathi
- Ikhomishana Yokulingana Ngokobulili
- UMcwaningimabhuku Jikelele
- IKhomishana Yokhetho Ezimele
- Isiphathimandla Esizimele Sokulawula Ezokusakaza kanye
- NeKhomishana Yezemisebenzi Kahulumeni

Ngokusebenzisana neKhomishana Yezemisebenzi Kahulumeni kanye ne-*National School of Government*, ngokunjalo noMnyango Wezokuphathwa Kwemisebenzi Kahulumeni, sikwazile ukuqhamuka noHlaka Lwezamakhono Afanele Kuhulumeni, olwaphasiswa yiKhabhinethi futhi lwaqaliswa ukusebenza ngezindlela ezihlukahlukene ezihlanganisa izinguquko zoMthetho Oshayiwe kanye nezinqubomgomo.

Ukwengeza, simemezele uMthetho Wezokuqasha Ngokulingana, iNqubomgomo noMthetho Wokuhlonyiswa Kabanzi Ngezomnotho, Umthetho Wokuhlinzekwa Kwezinsiza Ezikhethwayo kanye noSomqulu Wokuvumelana nokwakwenzelwe ukuqinisekisa ukuthi uMnyango Wezokuphathwa Kwemisebenzi Kahulumeni kanye nokubamba iqhaza kwezomnotho kukhombisa izibalo ngokobuhlanga ezweni. Ngokuphumelela kwalezi zinguquko kwezobuhlanga nobulili, sesiqalise ukusebenza koHlaka Lwezamakhono Afanele Kuhulumeni ukuze siqokwe ngokuhloniphekile kanye namazinga aphezulu kwezokuziphatha ngokufanele.

Ukuze sizibambe ziqine, siphinde sabamba iqhaza ohlelweni lweNqubo Yokubuyekezwa Kobulingani bama-Afrika eNhlanganweni Yamazwe ase-Afrika nolwenzelwe ukuqinisekisa ukuthi sihlala siziphendulela, sibusa ngentando yeningi, izinto sizibeka obala futhi siyathuthuka. Ukubamba kwethu iqhaza eNhlanganweni Yezokusebenzisana Kwezomnotho Nentuthuko (i-OECD) kanye nasohlelweni lokuBambisana Kuhulumeni Ovulelekile kwenze iNingizimu Afrika yamukelwa yaba ngenenqubo yesabelomali evuleleke kakhulu nokuyilapho umphakathi ubamba khona iqhaza ekwabiweni kwezinsiza, ngaleyo ndlela wazi nokuthi yini ebaluleke kakhulu ezweni.

Zisekhona izinselelo ezihlanganisa ukuxhashazwa kwezinhlelo zentando yeningi kanye nokuvuleleka kwalabo abasaqhubeka nokuzuza ngenxa yobandlululo ngokuthi baxhaphaze Uhlelo Lwezobulungiswa, ukufinyeleleka kwezomnotho ngokunjalo nangokuxhumana nalabo ababesemandleni ngesikhathi sengcindezelo.

Nakuba kunjalo, sisazibophezele ekuguquleni iZwe lethu njengoba kubekiwe kuMthethosisekelo wethu, ngokuthi siqhubeke nokuguqula kanye nokwenza izikhungo emphakathini ezizolwisana nokucwasa ngokwebala, ukucwasi ngokobulili, ubulungiswa kanye nokungenzeleli. Njengoba u-*Bob Marley* esho engomeni yakhe esihloko sithi; "*War*", siyakholelwa ekutheni singanqoba sizuze okuhle phezu kobubi, futhi angeke sishiye muntu ngemuva!

SIYAPHETHA.